




**MINERALS COUNCIL**  
SOUTH AFRICA

# Sawubona

Igama lami ngu-Coronavirus



**Ngithemba ukuthi usuzwile ngegama lami esikoleni noma ku-TV ngisho nakumsakazo**


Ngithanda ukukutshela kabanzi ngami ukuze wazi ukuthi kusho ukuthini uma ngizovakashela wena noma umndeni wakho

*Lolu lwazi lulethwa kuwe i-Minerals Council South Africa  
Kukhiqizwe i-R&A Strategic Communications R&A*

Yini oyaziyo  
kakade  
ngami?



Uyazi



Ukuthi ngiyigciwane futhi ngibangela isifo esibizwa ngokuthi i-COVID-19



Ngicishe ngifane ne-flu noma umkhuhlane ovamile nje futhi ngisabalala kalula



Ngisuka kumuntu oyedwa kuya komunye ngokuthinta, ukhwehlela noma ukuthimula



Ngithanda ukuhlala ezintweni ezifana nezibambo zeminyango, ematafuleni, ngisho nasezingubeni zokugqoka



Kwezinye izingxenye zomhlaba, sengivakashele abantu abaningi kakhulu

# Angivamisile ukuvakashela izingane, kodwa izingane zingakwazi ukudlulisa igciwane kwabanye abantu

Uzokwazi ukuthi kade ngivakashile uma  
uba nokulandelayo



Imfiva



Umphimbo obuhlungu



Ukukhwehla



Ubunzima bokuphefumula



Kodwa abanye abantu ngeke bazi uma  
sengifikile ukuzohlala,

**yingakho kufanele sonke  
siqaphe okwamanje**

**Angihlali isikhathi  
eside, futhi cishe bonke  
abantu bayaphola**



**Kodwa kubalulekile ukuthi uzinakekela  
ngokweqile ukuze uvikele abantu obathandayo**

**Ikakhulukazi ugogo  
noma umkhulu noma  
ngisho nabantu  
asebevele begula**



**Futhi ngisho nodokotela  
nabahlengikazi  
esibhedlela abanakekela  
abantu abagulayo  
abadinga usizo lwabo**



**Ungasiza  
ukuzigcina  
wena  
nomndeni  
wakho  
niphephile.**



**Ngeke  
ngithinte  
ubuso  
bami**



**Ngizosebenzisa  
into yokubulala  
amagciwane bese  
ngiyayiyeka izomele  
ezandleni zami**



**Ngizothimulela  
kwithishu noma  
endololwaneni yami**

**Ngaso sonke isikhathi  
ngizogeza izandla zami  
amasekhondi angu-20**

Isikhathi esingakanani lesa?  
Leso isikhathi esithatha ukucula  
kabili iculo losuku lokuzalwa



**Ngizogeza izandla zami  
ngamanzi nensipho**

Ngaphambi nangemva kokudla

Ngaphambi nangemva  
kokudlala ngaphandle




**Ngeke ngithinte  
abanye abantu**



# Ungakhathazeki!

Uma sonke  
sisebenzisana, wena  
nomndeni wakho  
ningakwazi ukuhlala  
ninempilo enhle.

Ososayensi nodokotela  
emhlabeni wonke  
bazama ukugcina  
abantu bephephile futhi  
benempilo enhle.



Uma udidekile noma  
ungesaba, ngicela  
ukhulume nomuntu  
omethembayo. Uma abazali  
bakho bekhathazekile,  
bangashayela ucingo  
**ku-0800 029 999**  
ukuthola ulwazi  
olwengeziwe.